Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

   ISIQEPHU A: Indaba (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (2 x 25) (50)

   **QAPHELA**: Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, NEMIBILI ESIQESHINI B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala ukhombise amalungiselelo (isb. Asabulwembu/awumdwebo/ayifloshadi/ amaphuzu asemqoka), lungisa amaphutha uphinde ufundisise umsebenzi wakho. Amalungiselelo mawabhalwe ngaphambi kwempendulo.

6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-100
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-(2 x 40) 80

8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo kanye nesihloko sendaba yakho.

| | | |
|---|---|---|
| 1.1 | Kwangicacela zisuka nje ukuthi isiphetho sami naye sizoba sihle | [50] |
| 1.2 | Unontandakubukwa wangakithi | [50] |
| 1.3 | Nalapho kungekho qhude kuyasa | [50] |
| 1.4 | Iziphuzo eziyizikhuthazamzimba ziyingozi | [50] |
| 1.5 | Ukudla yikhona okusidalela izifo | [50] |

Izithombe ezilandelayo zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo 1.6, 1.7 NOMA 1.8 bese uyinika isihloko indaba yakho.

**QAPHELA:** Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6



[Sicashunwe ku-familypictures] [50]

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

- Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.
- Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbhalo ngamunye.

2.1 **INCWADI YOBUNGANI**

Umnewenu ukubhalele incwadi ekwazisa ukuthi usefuna ukuyeka izidakamizwa.

Bhala **incwadi** umhalalisele ngesinqumo asithathile. **[25]**

2.2 **I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO**

Ikomidi lentsha yangakini libe nomhlangano wokulungiselela idili lomculo elizoba ngoZibandlela.

Bhala **amaminithi alowo mhlangano**. **[25]**

Stanmorephysics.com

2.3 **UMBIKO ONGABEKELWE MGOMO**

Ubuphelekezele ugogo nomkhulu wakho beyokhipha imali yempesheni ebhange wabe usubona izigebengu ziqola ezinye izaguga imali.

Bhala **umbiko ongabekelwe mgomo** ozowethula emaphoyiseni. **[25]**

2.4 **INKULUMO**

UMkhandlu kaMasipala wangakini unikele ngama-laptop kubafundi abaphumelele ngamalengiso kumatikuletsheni.

Bhala **inkulumo yokubongela laba bafundi**. **[25]**

2.5 **INKULUMO-MPENDULWANO/INGXOXO**

Umama wakho ukubizile efuna ukuba nengxoxo nawe mayelana nabangani abangathembekile ohamba nabo.

Bhala **Inkulumo-mpendulwano** ephakathi kwakho nomama wakho. **[25]**

2.6 **IKHARIKHULAMU VITHAYE NENCWADI YOKUZICHAZA**

Ubone isikhangisi somsebenzi wokusiza labo abayimilutha yokusebenzisa izidakamizwa.

Stanmorephysics.com

Bhala **incwadi nekharikhulamu vithaye**. **[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 50**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**